RI 2

Isihloko sesifundo: UJesu, uMalusi oLungileyo

Umhlahlandlela womzali

Isikole sangeSonto Isikole sasekhaya

Mzali Othandekayo

Uyamukelwa kusifundo: **UJesu, uMalusi oLungileyo**

Lomqulu ukunika umhlahlandlela ofanele wokuba ungasethula kanjani lesi sifundo.

Ungasilungiselela futhi usethule kanjani lesi sifundo

Nanka amanye amasu ngezansi wokulungiselela nokwethula lesi sifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
1.	Finyelela ku Webhusayithi ye-New Apostolic Church ngokufaka noma ngokuchofoza kusixhumanisi esilandelayo kusuka ku-WhatsApp: https://bit.ly/3NACSSHS
2.	Qoqa lezizinsiza zokufunda ezilandelayo ukuze uqiniseke ukuthi usihlomele lesisifundo: • IBhayibheli • Isifundo ngefomethi ye-PDF esivele silungisiwe • Incwadi yengane yokusebenzela kanye namapensele, amakhilayoni, njll. • I-Vidiyo kiliphi okuyisisiza sokufunda esingezekile / isisiza sokufunda ongazikhethela ngokuthanda kwakho • Ikhathekizimu yemibuzo nezimpendulo (Ikakhulukazi kulesisifundo sesiQinisiso). **Qaphela:** 2.1: Isikhathi esifanele sokuthulwa kwalesisifundo, kungemuva kwenkonzo yangeSonto ekuseni, ngokuhambisana nesikhathi sesikole sangeSonto ukuze kugcinwe inqubo yesikhathi esijwayelekile. 2.2: Uyacelwa ukuba ugcine isifundo sibe mfushane uma kunokwenzeka, khumbula izinga lokunaka kwezingane zethu (gxila esifundweni) - uyazi kangcono ingane yakho! *Isikole sangeSonto ngokuvamile asidluli imizuzu engama-45.* 2.3: Lesisifundo silungele ibanga le- **RI 2.** 2.4: Uyacelwa uthinte uThisha wakho we **RI 2** uma udinga noma yiluphi usizo noma uma udinga ezinye izinsizakufunda kulezi ezingenhla.
3.	Khuleka (bheka umkhuleko osekugcineni kwalomqulu) bese ucela uNkulunkulu ukuba akusebenzise njengethuluzi ukwethula isifundo ngendlela Yena afuna ukuba usethule ngayo.

Fundisa lesisifundo sesikole sangeSonto ekhaya

Ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo

Siyaqhubeka nokwabelana ngezeluleko ezithile zokuthi ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
4	Yenza indawo ilungele ukufundisa engenaziphazamiso lapho wena nengane / nezingane nisezingeni elifanayo. ***Isibonelo***: Hlala phansi ocansini noma eduze kwetafula.
5	Funda kulesisifundo. Phinda ufunde futhi isifundo ukuze usiqondisise kahle. Bukela lesisifundo sevidiyo kiliphu ukuze uthole ukuqonda okungcono ngalesisifundo.
6	Zenzele amanothi ngamaphuzu abalulekile ongathanda ukuwakhumbula.
7	Yazi inhloso yalesisifundo ingane yakho okufanele siyikhumbule.
8	Yethula lesisifundo enganeni yakho noma uyifundele lenandaba uma uthanda.
9	Khombisa ingane yakho ividiyo bese uphinde ubuyekeze incazelo yayo.
10	Khombisa ingane yakho umsebenzi okufanele iwenze encwadini yayo yokusebenzela.
11	Khuleka, noma ucele ingane yakho ukuba ikhuleke bese uphetha isifundo.

Izinsiza zokufunda ezitholakalayo mayelana nokufundisela ekhaya.

Nazi ezinye izinsiza zokufunda zokungezelela lesisifundo sibe sezingeni leqophelo:

1. I-WhatsApp. Xoxani ngesifundo se- **RI 2** nomunye umndeni osifundayo nawo.

2. Xoxisanani ngesifundo nabanye abazali ukuze uthole ukuchazeleka kahle mayelana nesifundo ngaphambi kokuba sifundiswe.

3. Khululeka ukwenza olwakho ucwaningo ukuze uthole ulwazi olungezekile.

4. Khuluma noMxhumanisi webandla lakho noma uThisha.

Isifundo

Isihloko	UJesu, uMelusi oLungileyo
Umbhalo weBhayibheli	UMathewu 18: 12-14 noJohane 10: 27-28
Inhloso yesifundo	Izingane zifunda ukuthi iNkosi iyabanakekela abangabaKhe.

Isifundo esifingqiwe:

● Izimvu ziyizilwane eziwusizo futhi ezibalulekile. Zisinika uboya, imikhiqizo yobisi nenyama. Ngezikhathi zeBhayibheli ingcebo yomndeni yayilinganiswa ngokuthi umndeni wawunezimvu ezinjani, ezingakanani.

● UMelusi wayenomsebenzi obalulekile kakhulu futhi ehlonishwa.

- Unakekela umhlambi
- Uvikela umhlambi ezilwaneni zasendle
- Uziholela edlelweni eliluhlaza futhi
- Ufuna izimvu ezidukile.

● INkosi uJesu nayo yachaza isibopho somalusi ngendaba yemvu elahlekile.

● UMelusi wahamba wayofuna imvu eyodwa eyayilahlekile.

● NgokukaMathewu 18: 12-14 uJesu wathi: “Uma umuntu enezimvu eziyikhulu, kuduke enye kuzo, akazishiyi ezingamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye ezintabeni, ahambe ayofuna edukileyo, na? Athi uma eyithola, ngiqinisile ngithi, uthokoza ngayo kakhulu kunangezingamashumi ayisishiyagalolunye ezingadukanga.

Ingabe sisho ukuthini lesisifundo kithina namhlanje na?

● Izimvu eziyikhulu zimele bonke abantu abakholwa kuJesu Kristu.

● Imvu elahlekile ngumuntu, oye wafulathela iNkosi uJesu wabese ulandela izindlela zakhe. Akaseyona ingxenye yomphakathi wobuKristu.

● Umalusi umele uJesu Kristu onakekela abaKhe. Uma kukhona odukayo kuYe, ulandela emikhondweni yabo futhi azame ngamandla onke ukubaholela kabusha emphakathini wamaKristu.

● KuJohane 10: 27-28 uJesu uthi: “Izimvu zaMi ziyalizwa izwi laMi, naMi ngiyazazi, futhi ziyangilandela; ngizinika ukuphila okuphakade, akakho ongazihlwitha esandleni saMi”.

● Wonke umuntu ubalulekile kuNkulunkulu futhi Yena uyazazi izici zethu, ukukhathazeka kwethu, izicelo zethu futhi uyasinakekela.

● Kumele sivumele iNkosi ukuba isihole.

● INkosi ayiphoqi muntu ukuba ilandelwe.

● Kukithina ukuba sihlale sisesandleni saKhe futhi samukele zonke izithembiso zaKhe.

Sicela ufunde AMAHUBO 23 nengane yakho.

Eminye imibuzo esingayibuza:

1. Kungani kunemibhalo eminingi kangaka eBhayibhelini ekhuluma ngezimvu na?

Impendulo: Ingcebo yabantu yayihlala ikalwa ngosayizi wezimvu zabo. Izimvu zaziyizilwane eziwusizo kakhulu ezinsukwini zakudala.

2. Ngubani uMelusi na?

Impendulo: Umuntu onakekela izimvu.

3. Siyizimvu zikaJesu Kristu. Ngubani onakekela izimvu zaKhe namuhla na?

Impendulo: AbaPhostoli, abaPristi kanye namaDikoni endlini kaNkulunkulu.

4. Ungakhumbula ukuthi iyiphi ingxenye ebaluleke kakhulu kunazo zonke kulendaba kaJesu na?

Impendulo: UJesu wahamba wayofuna imvu eyodwa ebilahlekile, yize ayenazo izimvu ezingama-99.

5. Kungani uNkulunkulu wahamba wayofuna imvu eyodwa na?

   Impendulo: Kungoba kuyintando kaNkulunkulu ukuba wonke umuntu asindiswe. Imvu ngayinye ibalulekile.

6. Yini esiyifundayo kulesisifundo na?

   Impendulo: UMalusi umele uJesu Kristu onakekela okungokwaKhe. Uma kukhona odukayo kwabaKhe, Yena ulandelela umkhondo wabo futhi azame ngamandla onke ukubaholela kabusha emphakathini wamaKristu.

Wonke umuntu ubalulekile kuNkulunkulu futhi Yena uyazazi izici zethu, izinkathazo zethu, izicelo zethu futhi uyasinaka.

Qedela Umsebenzi 1 no-2 nengane yakho.

UMkhuleko kaBaba noMama ngaphambi kwesifundo:

Nkulunkulu othandekayo, ngiyakubonga ngalolusuku

Busisa bonke abazali nezingane

Sengathi singabuzwa ubukhona baKho

Busisa isifundo esizoba naso

Sicela usifundise ukukukhonza

Futhi usisize ukwenza intando yaKho

Ukuze sikhule sisondele kuWe

Thumela uJesu azosilanda

Futhi kwangathi singalungela ukuhlangana naYe

Amen

Umkhuleko ngemuva kwesifundo:

Baba waseZulwini othandekayo

Siyabonga ngokusigcina siphephile.

Ngisize ngibe nomusa kuwo wonke umuntu.

Siyabonga ngokuba uMelusi oLungileyo osithandayo nosiqondisayo.

Amen